

## DEPARTMENT OF HEALTH

NO. 5981

14 March 2025

## HEALTH PROFESSIONS ACT, 1974 (ACT NO.56 OF 1974)

**REGULATIONS DEFINING THE SCOPE OF THE PROFESSION OF MEDICAL  
ORTHOTICS AND PROSTHETICS**

The Minister of Health has, in terms of section 33(1) of the Health Professions Act, 1974 (Act No. 56 of 1974), and on the recommendation of the Health Professions Council of South Africa and the Professional Board for Occupational Therapy, Medical Orthotists / Prosthetists, made the regulations in the Schedule.



DR PAKISHE AARON MOTSOLEDI, MP  
MINISTER OF HEALTH

DATE:

10/3/2025

## **SCHEDULE**

### **Definitions**

1. In these regulations any word or expression to which a meaning has been assigned in the Act bears such meaning, unless the context indicates otherwise —

“the Act” means the Health Professions Act, 1974 (Act No. 56 of 1974).

### **Acts pertaining to profession of medical orthotics and prosthetics**

2. The following acts, in term of section 33 of the Act, deemed to be acts pertaining to the profession of medical orthotics and prosthetics:
  - (a) assessment of patients requiring orthotic or prosthetic care, including, but not limited, to patients with impairment of human movement, musculoskeletal abnormalities or any pathology;
  - (b) formulation and implementation of an orthotic or prosthetic treatment plan based on a comprehensive assessment to design an intervention to alleviate limitations, enhance function, and for cosmetic purposes;
  - (c) deciding on the type of orthotic or prosthetic device required to alleviate limitations, to enhance function, and for cosmetic purposes;
  - (d) issuing of “off-the-shelf” orthotic or prosthetic devices which includes:
    - (i) measuring the specific orthotic or prosthetic devices;
    - (ii) fitting the orthotic or prosthetic device;
    - (iii) adjusting and modifying the orthotic or prosthetic device according to the required specifications;
    - (iv) testing the patient’s use of orthotic or prosthetic device through functional exercises;
    - (v) providing gait training with the orthotic and prosthetic device where

- applicable;
  - (vi) providing functional training (both self-care and work related) with the orthotic or prosthetic device; and
  - (vii) providing patient education and instruction regarding the orthotic or prosthetic device.
- (e) custom manufacturing process for orthotic or prosthetic devices which includes:
- (i) measuring and casting for orthoses or prostheses;
  - (ii) modification and rectification of the orthoses or prostheses;
  - (iii) material selection to use for the orthoses or prostheses; and
  - (iv) fabrication of orthoses and prostheses using specialized techniques such as molding, laminating, aligning and assembling within an orthopaedic laboratory.
- (f) the treatment planning for the provision of custom made orthotic or prosthetic devices which includes:
- (i) diagnostic fitting of the orthotic or prosthetic device;
  - (ii) adjusting and modifying orthotic or prosthetic device to accommodate the individual requirements;
  - (iii) functional exercises to test the orthotic or prosthetic device;
  - (iv) gait training with the orthotic and prosthetic device where applicable;
  - (v) functional training (both self-care and work-related) with the orthotic and prosthetic device; and
  - (vi) educating and instructing the patient about the orthotic or prosthetic device; and determining a follow-up treatment plan that ensures successful orthotic or prosthetic outcomes over a short and long-term plan.
- (g) determining a follow-up treatment plan that ensures successful orthotic or prosthetic outcomes over a short and long-term plan.

**Short title**

3. These Regulations are called Regulations Defining the Scope of the Profession of Medical Orthotics and Prosthetics, 2025.

---

**ISAZISO SIKAHULUMENI**

---


---

**UMNYANGO WEZEMPILO**

---

**UMTHETHO WEZEMISEBENZI YEZEMPILO WE-1974 (UMTHETHO 56 WE-1974)****IMITHETHO ECHAZA UBUBANZI BEMISEBENZI YEZOKWELAPHA YAMA-  
ORTHOTICS NAMA-PROSTHETIC**

UNGqongqoshe Wezempilo, ngokwesigaba 33(1) soMthetho Wezemisebenzi Yezempilo, we-1974 (uMthetho 56 we-1974), kanye nangesincomo soMkhandlu Wezemisebenzi Yezempilo waseNingizimu Afrika kanye neBhodi Lochwepheshe Lokwelashwa Kokusebenza komzimba (*occupational therapy*), ama-*Orthotist* nama-*Prosthetist*, wenza imithethonqubo kuSheduli.



---

UDKT PAKISHE AARON MOTSOLEDI, ILUNGU LEPHALAMENDE  
UNGQONGQOSHE WEZEMPILO  
USUKU. 10/9/2025

## ISHEDULI

### Izincazelo

1. Kule mithetho, nanoma yiliphi igama noma inkulumo enikezwe incazelo eMthethweni iyoba naleyo ncazelo, ngaphandle uma ingqikithi isho okuhlukile –

“uMthetho” kusho uMthetho Wezemisebenzi Yezempilo, we-1974 (uMthetho 56 we-1974).

### Izinyathelo eziphathelele nomsebenzi we-orthotics kanye ne-prosthetics

2. Lezi zinyathelo ezilandelayo , ngokwesigaba 33 soMthetho, zithathwa njengezinyathelo eziphathelele nomsebenzi we-*orthotics* kanye ne-*prosthetics*:

- (a) ukuhlolwa kweziguli ezidinga ukunakekelwa kwe-*orthotic* noma kwe-*prosthetic*, okubandakanya, kodwa kungagcini, ezigulini ezinokukhubazeka kokuhamba komuntu, ukungasebenzi kahle kwemisipha namathambo noma iyiphi i-*pathology*;
- (b) ukwenziwa kanye nokusetshenziswa kohlelo lokwelapha lwe-*orthotic* noma lwe-*prosthetic* olususelwe ekuhloleni okuphelele ukuze kudizayinwe ukungenelela ukuze kuncishiswe imikhawulo, kuthuthukiswe ukusebenza, kanye nezinjongo zezimonyo;
- (c) ukunquma uhlobo lwedivaysi ye-*orthotic* noma ye-*prosthetic* edingekayo ukuze kuncishiswe imikhawulo, kuthuthukiswe ukusebenza, kanye nezinjongo zezimonyo;
- (d) ukukhishwa kwemishini “engaphandle kweshalofu” kwamadivayisi e-*orthotic* noma e-*prosthetic* okuhlanganisa:
  - (i) ukukala amadivayisi athile e-*orthotic* noma e-*prosthetic*;

- (ii) ukufaka idivayisi ye-*orthotic* noma ye-*prosthetic*;
- (iii) ukulungisa kanye nokuguqula idivayisi ye-*orthotic* noma ye-*prosthetic* ngokuya ngemininingwane edingekayo;
- (iv) ukuhlola ukusebenzisa kwesiguli idivayisi ye-*orthotic* noma ye-*prosthetic* ngokusebenzisa ukunyakazisa umzimba okusebenzayo;
- (v) ukuhlinzeka ngokuqeqeshwa kokuhamba ngedivayisi ye-*orthotic* noma ye-*prosthetic* lapho kufanele khona;
- (vi) ukuhlinzeka ngokuqeqeshwa okusebenzayo (kokubili okokuzinakekela nokuhlobene nomsebenzi) ngedivayisi ye-*orthotic* noma ye-*prosthetic*; futhi
- (vii) ukuhlinzeka ngemfundo yesiguli kanye neziyalezo mayelana nedivayisi ye-*orthotic* noma ye-*prosthetic*.

(e) inqubo yokukhiqiza ejwayelekile yamadivayisi e-*orthotic* noma e-*prosthetic* kuhlanganisa:

- (i) ukulinganisa nokubunjwa kwama-*orthoses* nama-*prostheses*;
- (ii) ukuguqulwa nokulungiswa kwama-*orthoses* nama-*prostheses*;
- (iii) ukukhethwa kwezinto ezizosetshenziselwa ama-*orthoses* noma ama-*prostheses*; futhi
- (iv) ukwenziwa kwama-*orthoses* nama-*prostheses* kusetshenziswa amasu akhethekile njengokubunjwa, ukufakwa kwe-laminating, ukuqondanisa nokuhlanganisa ngaphakathi kwelabhorethri ye-*orthopaedic*.

(f) ukuhlelwa kokwelashwa kokuhlinzekwa kwamadivayisi enziwe ngokujwayelekile e-*orthotic* noma e-*prosthetic* okuhlanganisa:

- (i) ukufakwa kokuxilonga kwe-*orthotic* noma kwe-*prosthetic*;
- (ii) ukulungisa kanye nokuguqula idivayisi ye-*orthotic* noma ye-*prosthetic* ukuze ivumelane nezidingo zomuntu ngamunye;
- (iii) izivivinyo ezisebenzayo zokuhlola idivayisi ye-*orthotic* noma ye-*prosthetic*;
- (iv) ukuqeqeshwa ukuhamba ngedivayisi ye-*orthotic* kanye neye-*prosthetic*

lapho kufanele khona;

- (v) ukuqeqeshwa okusebenzayo (kokubili okokuzinakekela nokuhlobene nomsebenzi) ngedivayisi ye-*orthotic* noma ye-*prosthetic*; futhi
- (vi) ukufundisa nokuyalela isiguli ngedivayisi ye-*orthotic* noma ye-*prosthetic*; kanye nokunquma uhlelo lokwelashwa olulandelwayo oluqinisekisa imiphumela eyimpumelelo ye-*orthotic* noma ye-*prosthetic* phezu kohlelo olufushane nolwesikhathi eside.
- (g) ukunquma uhlelo lokwelapha olulandelwayo oluqinisekisa imiphumela eyimpumelelo ye-*orthotic* noma ye-*prosthetic* phezu kohlelo olufushane nolwesikhathi eside.

### **Isihloko esifushane**

3. Le Mithethonqubo ibizwa ngeMithethonqubo Echaza Ububanzi Bemisebenzi Yezokwelapha yama-*Orthotics* nama-*Prosthetics*, yezi-2025.